

## Umasipala i-Tswaing nenkampani yokwakha badlelwe impahla ngesikweletu sika-R40m sentela

**Tshwane, 27 kuNcwaba 2021** – Isikhonzi senkantolo sidle impahla kamasipala wendawo yaseTswaing osesifundazweni i-North West, kulandela isikweletu sentela sika-R30-million abasikweleta uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS).

Umasipala wendawo ofaka phakathi i-Delareyville, Sanieshof kanye ne-Ottosdal, wathumela amaphepha entela kwaSARS kodwa wehluleka ukwenza izinkokhelo ze-Pay-As-You-Earn (PAYE), iLevi yokuThuthukiswa kwamaKhono (SDL) kanye nezesiKhwama soMshwalense wokungaSebenzi (UIF).

Ukuhlukela ukwenza lezi zinkokhelo sekubangele isikweletu sentela sika-R30-million.

Kuyisidingo somthetho ukuba izinkampani ezizimele, iminyango kahulumeni, kanjalo nabaqashi babambe lezi zintelo ezisebenzini bese lezo zimali zikhokhwa kwaSARS.

Kolunye udaba, isikhonzi senkantolo sidle izimpahla zenkampani yokwakha i-Independant Minds 107 (PTY) Ltd emva kokuthumela amaphepha e-PAYE, UIF kanye nawe-SDL ingazange izenze izinkokhelo ezifanele. Isikweletu esisilele egameni lenkampani siyi-R 10-million

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter “uzwakalise ukukhathazeka okukhulu ngalesi senzo sokuqoma ukungathobeli. Akukho okunye okungenziwa uSARS ngaphandle kokusebenzisa umthetho ukuze ulwisane nabakhokhintela abangathobeli izidingo zentela”.

Lezi zinyathelo zivumelana namasu aphokophelwe yisikhungo, okuwukuhlinzeka ngengcaciso nesiminya kubakhokhintela ukuze bezothobela izibophezelo zabo ngokomthetho, kodwa ngokulinganayo senze kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela abangazithobeli izibophezelo zabo.

“USARS uzinikele ekusiphuneni nezimpande zawo lo mkhuba osuyinsakavukela umchilo wesidwaba lapho ubuholi bezinkampani buthumela amaphepha entela kodwa bugodle izinkokhelo ezifanele. Lolu hlobo lokuziphatha luhlutha isikhwama semali engenayo lokhu okumele kungene kuso kanti futhi alunabo ubulungiswa kubakhokhintela abathobelayo.”

Uphethe ngokuthi “USARS usubhekana ngqo nalo mkhuba, kanti bonke laba abaziphatha ngale ndlela kumele bazi ukuthi angeke sikushaye indiva lokhu, akukhathaleki noma nkampani yiphi ebandakanyekayo. Yize uSARS uvulelekile ekuxoxisaneni ngohlelo lokukhokha, kodwa ngeke usabe, uthathe uhlangothi noma ucheme ekuthatheleni abakhokhintela abangabambisani nathi izinyathelo. Lesi yisexwayiso kubo bonke labo abaqome ukungathobeli.” kusho uMnu Kieswetter.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [Sarsmedia@sars.gov.za](mailto:Sarsmedia@sars.gov.za)